


Incwadi Yokuhlola

IBANGA
2

ISIZULU

ULIMI LWASEKHAYA

ITHEMU 1 & 2





Incwadi Yokuhlola

IBANGA 2 | ITHEMU 1 & 2

ISIZULU

Okuqukethwe

ISIVIVINYO SOKUFUNDA NGOMLOMO OKUSHELELAYO: UMBONO JIKELELE	1
ITHEMU 1	9
IZIVIVINYO ZOFMS ZETHEMU 1	10
IFOMU LOKUHLAZIYA LETHEMU 1	17
UHLELO LOKUHLOLA LWETHEMU 1	19
ITHEMU 2	29
IZIVIVINYO ZOFMS ZETHEMU 2	30
IFOMU LOKUHLAZIYA LETHEMU 2	39
UHLELO LOKUHLOLA LWETHEMU 2	41
IBANGA 2 IPHEPHA LOKUREKHODA LOFMS	51



Isivivinyo sokufunda ngomlomo okushelelayo: Umbono jikelele

Izilinganiso zeDBE Zokufunda Ngokushelelayo Ebangeni Lokuqala

Izilinganiso zeDBE ziyibeka icace imiphumela elindelekile ekupheleni konyaka wokufunda ngamunye:

Ulimi	Ekupheleni KweBanga 1, bonke abafundi kufanele bakwazi ukufunda okungenani:	Ekupheleni KweBanga 2, bonke abafundi kufanele bakwazi ukufunda okungenani:	Ekupheleni KweBanga 3, bonke abafundi kufanele bakwazi ukufunda okungenani:
isiNdebele HL	40 uon	20 ien	35 ien
isiXhosa HL	40 uon	20 ien	35 ien
isiZulu HL	40 uon	20 ien	35 ien
Siswati HL	40 uon	20 ien	35 ien
Sepedi HL	40 uon	40 ien	60 ien
Sesotho HL	40 uon	40 ien	60 ien
Setswana HL	40 uon	40 ien	60 ien
Tshivenda HL	40 uon	35 ien	55 ien
Xitsonga HL	40 uon	30 ien	40 ien
Afrikaans HL	40 uon	50 ien	80 ien
isiZulu HL	40 uon	50 ien	70 ien
isiZulu FAL	n/a	30 ien	50 ien

uon = umsindo olungile ngomzuzu / ien = igama elilungile ngomzuzu

IBANGA 2 | ISIVIVINYO SOKUFUNDA NGOMLOMO OKUSHELELAYO

I-NHLRP yesekela inhloso ye-DBE yokugunyaza othisha bakwazi ukwesekela abafundi ngokuqondile ekufundeni kwabo. Lokhu kwesekela kufaka isivivinyo zokufunda ngomlomo okushelelayo kweBanga 2 okulandelayo:

Ibanga / ITHEMU	Imizuzwana engama-60 Ukufunda umsindo	Imizuzwana engama-60 Ukufunda Amagama	Imizuzuwana engama-60 / eyi-180 Ukufunda Isigaba	Imibuzo yokuqondisisa yomlomo
iBanga 2 ITHEMU 1	2.1.A (Imisindo engama-60)	2.1.B (Amagama angama-60)	2.1.C	2.1.D (Imibuzo emi-4)
iBanga 2 ITHEMU 2	2.2.A (Imisindo engama-60)	2.2.B (Amagama angama-60)	2.2.C	2.2.D (Imibuzo emi-4)
iBanga 2 ITHEMU 3	2.3.A (Imisindo engama-60)	2.3.B (Amagama angama-60)	2.3.C	2.3.D (Imibuzo emi-8)
iBanga 2 ITHEMU 4	2.4.A (Imisindo engama-60)	2.4.B (Amagama angama-60)	2.4.C	2.4.D (Imibuzo emi-8)

Ukulungisela Izivivinyo ZokuFunda NgoMlomo OkuShelelayo

- Njalo ngethemu, uyothola amakhophi amabili esivivinyo ngasinye soFMS.
 - Ikhophi kaThisha - lena ifaka inani lemisindo noma amagama ngomugqa.
 - Ikhophi yoMfundi - ibhalwe ngefonti nangobungako befonti obufanele.
- Lungisela ukuvivinyo ngokulaminetha omabili amakhophi esivivinyo.
 - Lokhu kukuvumela ukubhala kukhophi kathisha, bese uyesula uphinde uyisebenzise.
 - Kuphinde kuvikele ikhophi yomfundi, ukuze isivivinyo esifanayo senziwe ngokuphindaphindiwe.
- Ngicela uqaphele: Amakhophi anxanye ezivivinyo zoFMS anikeziwe njengengxenye yephakethe lamaKhadi okuFunda.



Izivivinyo ze-NHLRP zoFMS Ukuqonda indlela yokuqamba amagama

2.1.A - ukhomba **ibanga**

2.1.A - ukhomba **ithemu**

2.1.A - ukhomba **uhlobo lwesivivinyo:**
ukufunda umsindo

Ukubhalisa Isivivinyo SokuFunda NgoMlomo OkuShelelayo

1. Hlalisa ikilasi phansi lenze umsebenzi wokubhala.
2. Biza umfundi ngamunye ngesikhathi eze kofunda.
3. Nika umfundi ikhophi yombhalo yomfundi.
4. Kala ngesibalisikhathi sesikhathi esinqunyiwe.
5. Tshela umfundi afunde umbhalo ephimisa uze ummise.
6. Tshela abafundi ukuba beqe imisindo / amagama angeke bakwazi ukuwafunda ngokushesha.
7. Kala ngesibalisikhathi bese ulalele umfundi efunda.
8. Ekhophini yombhalo elaminethiwe kathisha, sebenzisa indlela yokumaka 'ngechashazi' elisulekayo:
 - umsindo noma igama umfundi angalifundanga kahle
 - umsindo noma igama aleqayo umfundi
 - umsindo noma igama umfundi alifunda isikhathi esingaphezu kwemizuzwana emihlanu yokufunda
9. Emuva kwesikhathi esicacisiwe, tshela umfundi ukuba ame, bese uqaphele umsindo noma igama lokugcina elifundwa wumfundi.
10. Isivivinyo C, izivivinyo zokufunda izigaba, zenzelwe:
 - Ukufunda isigaba ngemizuzwana engama-60, noku
 - Funda isigaba ngemizuzwana eyi-180
11. Sebenzisa lezi zivivinyo kanje:
 - Singatha Isivivinyo C njengokujwayelekile ngemizuzwana engama-60 yokuqala.
 - Ngemizuzwana engama-60 yokuqala, lalala umfundi efunda ngokuphimisela bese ubhala icashaza kukhophi yakho yesivivinyo yalelo nalelo phutha elenziwe.
 - Emva kwemizuzwana engama-60, bhala igama lokugcina umfundi alifundile emizuzwini engama-60.
 - Sebenzisa le mininingwane njengemiphumela yesivivinyo C.
12. Bese, uvumela umfundi aqhubeke nokufunda isigaba sesivivinyo C ngemizuzwana eyi-120, noma aze afunde sonke isigaba.
13. Okulandelayo, sebenzisa Isivivinyo D ukuhlola ukuqondisisa komlomo komfundi.
 - Buza umfundi umbuzo ngamunye bese umlinda aphenhule.
 - Uma engaphenduli kungakadluli imizuzwana eyi-5-10, dlulela embuzweni olandelayo.
 - Uma umfundi engaqedanga ukufunda isigaba, mbuze kuphela imibuzo angakwazi ukuyiphendula.

Ukuhlola Ukufunda Ngomlomo Okushelelayo

Ukubhalisa izivivinyo

1

Ukubhalisa uFMS:

- Lalela umfundi efunda umbhalo ngesikhathi esinqunyiwe.
- Faka ichashazi ekhophini yakho yombhalo njalo lapho umfundi:
 - a** efunda umsindo noma igama ngokungafanele
 - b** eqa umsindo noma igama
 - c** efunda umsindo noma igama isikhathi esiyimizuzwana engaphezu kwemihlanu
- Misa umfundi lapho sekuphele isikhathi esimisiwe.

2

Uma ngithi qala, ngicela ufunde lo mbhalo. Uma ungakwazi ukufunda igama, leqe. Uma umakhalekhwini wami ukhala, uyeke ukufunda.

3

Qala.

4

Ikhaya lami Ngiyalithanda ikhaya lami. Ngilala nomama, ubaba kanye nomfowethu. Ugogo uhlala nathi. Sihlala emzini... ophuzi.

5

2.0.1
80 WINDS
Buffy Summers
I know my business. I also know my money, which saved my business. Now, knowing what how much an idea for an is really what business. It takes some money and a few people. Keep going to change in the future.

2	2
10	12
8	20
10	30
8	38
5	43

Ufunda igama elithi 'ngilala' kunelithi 'ngihlala'.

Akakwazanga ukufunda igama elithi 'omhlophe'.

6

7

Ngiyabonga, siphelle isikhathi.

Ukubala Ukufunda Okushelelayo

1. Bala isamba semiphumela engase itholwe umfundi.
 - Bheka ukuthi umfundi ugcine kuphi ukufunda – qaphela isamba semiphumela akwaze ukuyithola kulowo mugqa
 - Susa noma yimiphi imisindo noma amagama umfundi angawafundanga emgqeni wokugcina
 - Lokhu kungase kube yisamba semiphumela
2. Emuva kwalokho, susa isibalo samagama afakwe 'amachashazi' esambeni esingase sibe ngesemiphumela (amagama angafundwanga kahle, eqiwe noma afundwe isikhathi eside). Lokhu kukunika isamba semiphumela yomfundi.
3. Bhala isamba semiphumela yomfundi yethemu.

UThisha: Izilinganiso kanye nezivivinyo zoFMS ziwusizo ngempela. Zinginikeza ukuqonda ngokucacile ukuthi yini ngempela abafundi bami okumele bayizuze kulo nyaka!



Ukuhlola Ukufunda Ngomlomo Okushelelayo

Ukubala iniphumela

Othi ngibheke
ukuthi uSifiso
uwufunde kahle
kangakanani
umbhalo wakhe.

Ukubala imiphumela yokufunda
okushelelayo:

- Bala ukuthi umfundi ufunde amagama amangaki ngomzuzu.
- Susa isibalo samagama 'anamachashazi'.
- Funda isibalo samagama afundwe ngokuyikho ngomzuzu.

USifiso wenza amaphutha
amabili, ngakho isamba sakhe
ngamagama angama-30
awafunde ngokuyikho
emzuzwini owodwa

Igama lokugcina elifundwe uSifiso kube ngelithi 'amagumbi'. Kunamagama ayisithupha angawafundanga kulo mugqa, ngakho isamba samagama angawathola ngamagama angama-32:

32-2

$$2 - 6 = 32$$
[illegible][illegible][illegible]

Ukurekhoda imiphumela ye-FMS


1. Uhlelo lufaka Amaphepha *Okurekhoda i-FMS*.
2. Amaphepha Okurekhoda e-NHLRP FMS adijithaili ayatholakala kuwebhusayithi ye-NECT.
3. Sebenzisa la maphepha ukurekhoda yonke imiphumela ye-FMS unyaka wonke.

Ukusebenzisa Amaphepha Emiphumela kanye naMafomu Okuhlaziya


1. Uhlelo luphinde lufake iFomu *Yokuhlaziya ye-FMS* yethemu ngayinye.
2. Lokhu kufanele kusetshenziswe ukubhala amaphutha abafundi ngenhloso yokulungisa.
 - Sebenzisa leli fomu ezigabeni zonke zokuvivinya.
 - Bhala icashaza kukholomu yokubala efanele ngaso sonke isikhathi uma umfundi enza iphutha.
 - Uma usuqedile ukwenza isivivinyo, hlanganisa izibalo zomsindo kanye negama ngalinye.
3. Beka phambili amaphutha aphindwe kaningi ukuze alungiswe kanje:
 - **Imisindo:** Fundisa kabusha lonke ikilasi lo msindo. Bese emasontweni alandelayo, qinisekisa ukufaka lowo msindo emisebenzini yokuhlanganisa, ukwehlukanisa kanye nokwakha amagama.
 - **Amagama:** Buyekeza imisindo esemagameni nekilasi lonke. Buyekeza ikhono lokuhlanganisa nekilasi lonke. Biza abafundi ngamunye bahlunganise futhi behlukane amagama. Emasontweni ambalwa alandelayo, gxila emisebenzini yokuhlanganisa nokwakha amagama.
 - **Ukufundwa kwesigaba:** Funda leyo mibhalo ngokuphindaphinda, kanje:
 - Fundela ikilasi umbhalo phezulu, lona lilandele ezincwadini zalo.
 - Funda umbhalo ngokuhlanganyela nekilasi, ubonise isivivinyo nendlela yokufunda.
 - Biza amaqembu ahlukene noma abafundi bazofundela phezulu ingxenye yombhalo.
 - Emasontweni ambalwa alandelayo, qhubeka ubeke phambili ukufunda ngokuphindaphinda imibhalo ehlukene.
 - **Ukuqondisisa ngomlomo:** Hlaziya inkinga bese uhlinzeka ukulungisa kanje:
 - Uma abafundi bengakwazi ukufunda sonke isigaba, noma beneselele ngamagama amaningi: Qhubeka nokwakha amakhono okudikhoda nokufunda ngokushelela. Fundisa abafundi ukufunda nokuhlanganisa imisindo, lolongela ukuhlanganisa nokwehlukanisa amagama, phindaphinda ukufundwa kwemibhalo.
 - Uma abafundi bengakuqondi okuqukethwe ezigabeni: Gxila ekwakheni ulwazimagama nolwazi lwangaphambilini. Fundela ikilasi lakho izindaba eziningi kangangokwenza.
 - Uma abafundi bekwazi ukulandela futhi baqonde isigaba kodwa bengakwazi ukuphendula imibuzo: Gxila ekufundiseni amakhono okuqondisisa ngesikhathi sokufunda ngokwabelana. Banike incazelo yombuzo. Babonise ukuthi impendulo yombuzo itholakala kanjani. Nikeza abafundi amathuba amaningi okuzilolonga ekuphenduleni imibuzo ngomlomo.
4. Sebenzisa imiphumela ukuze uvuselele amaqembu akho OkuFunda NgamaQembu OkuLawulwayo ekuqaleni kwethemu ngayinye.
 - Hlanganisa ndawonye abafundi abanamaphuzu aphakeme. La maqembu angabe makhudlwana.
 - Hlanganisa ndawonye abafundi abanamaphuzu aphansi kakhulu. Zama ukugcina lawa maqembu emancane ngangokunokwenzeka.
5. Landela imiphumela yomfundi ngamunye kuyo yonke ithemu.

IBANGA 2 | ISIVIVINYO SOKUFUNDA NGOMLOMO OKUSHELELAYO

- Bhala amaphuzu omfundi ngamunye ezivivinyweni zethemu ngayinye.
 - Bhala abafundi abangathuthuki noma abasala emuva.
 - Kuzodingeka uchithe isikhathi esengeziwe nalaba bafundi, usebenza ezingeni elifanele lokulungisa.
6. Qaphela isilinganiso sekilasi kuyo yonke ithemu. Uma ubona ukuntuleka kwentuthuko noma ukwehla okuvamile kwesilinganiso sekilasi, cabanga ngalokhu okulandelayo:
- Cabanga ngesikhathi sokufundisa esilahlekile noma esiphazamisekile phakathi nethemu. Khumbula ukubeka phambili imisebenzi yokufunda kusenesikhathi.



ITHEMU 1



Izivivinyo zoFMS zeThemu 1

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.1.A

Ikhophi kaThisha

Imisindo engama-60 / Imizuzwana engama-60

A	B	d	e	i	M	O	c	F	g	10
I	M	n	O	U	Ng	Dw	gw	ny	HI	20
H	j	K	p	q	C	F	g	H	j	30
Ng	mg	mc	Nd	Nj	DI	qh	Sh	Xh	gq	40
nk	Nq	ns	Nt	Nx	k	P	Q	s	T	50
gx	Mf	Mb	mh	Mj	Nw	ny	Nz	Md	Mf	60

NHLRP FMS Ulimi: isiZulu Isivivinyo 2.1.A Ikhophi yoMfundisi									
A	B	d	e	i	M	O	c	F	g
I	M	n	O	U	Ng	Dw	gw	ny	HI
H	j	K	p	q	C	F	g	H	j
Ng	mg	mc	Nd	Nj	DI	qh	Sh	Xh	gq
nk	Nq	ns	Nt	Nx	k	P	Q	s	T
gx	Mf	Mb	mh	Mj	Nw	ny	Nz	Md	Mf

NHLRP FMS										
Ulimi: isiZulu										
Isivivinyo 2.1.B										
Ikhophi kaThisha										
Amagama angama-60 / Imizuzwana engama-60										
baba	bade	Dada	beba	bila	lamula	lobola	cimela	funana	godola	10
dala	lima	lana	ona	mula	ingalo	isidwedwe	gwemani	nyanyani	hlelisa	20
halela	jabula	jikela	popola	qulani	cula	funa	gogo	huba	jula	30
ingalo	umgodi	umcebo	indaba	unjani	amadlelo	qhaqhani	shumayela	xhumanisa	gcobisani	40
inkosi	nquma	insila	intaba	inxele	jika	paka	guqa	ubisi	thela	50
amagxolo	umfundisi	inombolo	umhebheru	mjabulise	nwebani	inyanda	inzondo	umdabu	umfundi	60

NHLRP FMS Language: isiZulu Isivivinyo 2.1.B Ikhophi yoMfundi									
baba	bade	Dada	beba	bila	lamula	lobola	cimela	funana	godola
dala	lima	lana	ona	mula	ingalo	isidwedwe	gwemani	nyanyani	hlelisisa
halela	jabula	jikela	popola	qulani	cula	funa	gogo	huba	jula
ingalo	umgodi	umcebo	indaba	unjani	amadlelo	qhaqhani	shumayela	xhumanisa	gcobisani
inkosi	nquma	insila	intaba	inxele	jika	paka	guqa	ubisi	thela
amagxolo	umfundisi	inombolo	umhebheru	mjabulise	nwebani	inyanda	inzondo	umdabu	umfundi

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.1.C

Ikhophi kaThisha

Iziqephu zokufunda / Imizuzwana engama-60 & eyi-180

Ziningi izinto esingazenza ukuze sihlale	5
sinempilo. Kufanele sizame ukudla izithelo	10
nemifino. Kufanele sidle amaqanda,	14
amantongomane, ubhontshisi kanye	17
nenyama. Kufanele sizame ukudla izithelo	22
nemifino. Kufanele sidle amaqanda,	26
amantongomane, ubhontshisi kanye nenyama	30
uma kungenzeka.	32
Singadli ushukela omningi. Ukuze	36
izimpukane zingahlali ekudleni kwethu,	40
kufanele sikugcine kumboziwe. Izimpukane	44
zithwala amagciwane.	46
Kumele siphuze amanzi ahlanzekile	50
nsukuzonke. Izingane kufanele zizame ukulala	55
amahora ayisi-8 noma ayisi-9 njalo ebusuku.	61
Ukulala kuqinisa imizimba yethu nobuchopho.	66
Ukuzivocavoca nakho kusilungele.	69
Ukuhamba kungenye indlela yokuzivocavoca	73
elungele imizimba yethu. Kubalulekile ukuthi	78
izingane zigeze izandla zazo ngemuva	83
kokusebenzisa indlu yangasese,	86
nangaphambi kokudla.	88

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.1.C

Ikhophi yoMfundi

Ziningi izinto esingazenza ukuze sihlale sinempilo. Kufanele sizame ukudla izithelo nemifino. Kufanele sidle amaqanda, amantongomane, ubhontshisi kanye nenyama. Kufanele sizame ukudla izithelo nemifino. Kufanele sidle amaqanda, amantongomane, ubhontshisi kanye nenyama uma kungenzeka.

Singadli ushukela omningi. Ukuze izimpukane zingahlali ekudleni kwethu, kufanele sikugcine kumboziwe. Izimpukane zithwala amagciwane.

Kumele siphuze amanzi ahlanzekile nsukuzonke. Izingane kufanele zizame ukulala amahora ayisi-8 noma ayisi-9 njalo ebusuku. Ukulala kuqinisa imizimba yethu nobuchopho. Ukuzivocavoca nakho kusilungele.

Ukuhamba kungenye indlela yokuzivocavoca elungele imizimba yethu. Kubalulekile ukuthi izingane zigeze izandla zazo ngemuva kokusebenzisa indlu yangasese, nangaphambi kokudla.

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.1.D

Ikhophi kaThisha

Imibuzo emi-4 yokuqondisisa yomlomo

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

1. Yiziphi izinhlobo zokudla ezimbili okumele sizidle ukuze sihlale sinempilo?

Impendulo: Izithelo, imifino, amaqanda, amantongomane, ubhontshisi, inyama

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

2. Yikuphi okungafanele sikudle ngokwendlulele?

Impendulo: Ushukela

Uhlobo lwemibuzo: UkuPhetha okuQondile

3. Kungani ucabanga ukuthi akulungile ukuyeka izimpukane sihlale ekudleni kwethu?

Impendulo yomfundi uqobo: Izimpukane zithwala amagciwane / ukungcola; izimpukane azihlanzekile; asazi ukuthi impukane yagcinaphi - lokhu kungangcolisa ukudla / kwenze ukudla kwethu kumosheke / kungasigulisa

Uhlobo lwemibuzo: UkuGuqula nokuHlanganisa/ UkuHlaziya nokuCubungula

4. Uzizwa kanjani uma ungalali ngokwanele ubusuku obumbalwa?

Impendulo yomfundi uqobo: Ngizizwa ngiphethwe ubuthongo, ngiba nomuzwa ongemuhle, ngilala kalula, ngithukuthela kalula, angifuni ukwenza izinto; njll.

Qaphela: Uma umfundi ephendula ngokuthi akazizwa kahle, shintsha indlela obeke umbuzo 4 ngayo:

Ucabanga ukuthi izingane eziningi zizizwa kanjani uma zingalali ngokwanele ubusuku obumbalwa?



Ifomu lokuHlaziya leThemu 1

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

iBanga 2 ITHEMU 1

Ifomu lokuHlaziya

Imisindo 2.1.A	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba	Amagama2.1.B	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba
a			baba		
B			bade		
d			Dada		
e			beba		
i			bila		
M			lamula		
O			lobola		
c			cimela		
F			funana		
g			godola		
l			dala		
M			lima		
n			lana		
O			ona		
U			mula		
Ng			ingalo		
Dw			isidwedwe		
gw			gwemani		
ny			nyanyani		
HI			hlelisisa		
H			halela		
j			jabula		
K			jikela		
p			popola		
q			qulani		
C			cula		
F			funa		
g			gogo		
H			huba		
j			jula		

IBANGA 2 | IFOMU LOKUHLAZIYA LETHEMU 1

NHLRP FMS Language: isiZulu iBanga 2 ITHEMU 1 Ifomu lokuHlaziya liyaqhubeka					
Imisindo 2.1.A	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba	Amagama 2.1.B	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba
Ng			ingalo		
mg			umgodi		
mc			umcebo		
Nd			indaba		
Nj			unjani		
DI			amadlelo		
qh			qhaqhani		
Sh			shumayela		
Xh			xhumanisa		
gq			gcobisani		
nk			inkosi		
Nq			nquma		
ns			insila		
Nt			intaba		
Nx			inxele		
k			jika		
P			paka		
Q			guqa		
s			ubisi		
T			thela		
gx			amagxolo		
Mf			umfundisi		
Mb			inombolo		
mh			umhebheru		
Mj			mjabulise		
Nw			nwebani		
ny			inyanda		
Nz			inzondo		
Md			umdabu		
Mf			umfundi		



Uhlelo Lokuhlola

iBanga 2 ITHEMU 1

I-ATP Ebuyekeziwe ihlinzeka ngoHlobo Olusekelwe Esikoleni (SBA) lwethemu ngayinye. Ngokwalokhu, la makhono nemiqondo elandelayo kufanele kuhlolwe kuThemu 1

ISAKHI	IMISEBENZI
 Ukulalela nokukhuluma	Uxoxa indaba enesiqalo, indikimba kanye nesiphetho.
 Imisindo	Wenza amagama anonkamisa abafishane
 UkuFunda nokuQondisisa	Ufundela phezulu encwadini esezingeni lakhe. Usebenzisa amagama avamile, imisindo, namakhono okudikhoda akulokho okujwayelekile nokusohlakeni lokuhlaziya. Ufunda ngokushelela okungezekile nangokukhombisa imizwa. Uphendula imibuzo esobala. Uyahlawumbisela. Ubeka izehlakalo ngokulandelana okufanele. Ukwenza iziphetho.
 Ukubhala ngesandla	Ukopisha futhi abhale imisho emifishane enakekela ukwakhiwa kwezinhlamvu ngokufanele.
 Ukubhala	Ubhala imisho emi-3 ngezindaba zakhe esebenzisa imisindo efundiwe, amagama avamile, osonhlamvukazi nongqi.

ISIBONELO SEMISEBENZI YOKUHLOLA

- Le misebenzi yokuhlola yenzelwe ukuba ingxenye ye-NHLRP.
- Lapho kufaneleke khona, izivivinyo ze-NHLRP ze-FMS ziyafakwa zibe yingxenye yohlelo lokuhlola.
- Le misebenzi yokuhlola ingasetshenziswa injalo noma yenziwe ihambisane nezidingo zeSifunda.



Ukulalela nokukhuluma

Uxoxa indaba enesiqalo, indikimba kanye nesiphetho.

Umsebenzi

- Yenza lokhu ngasemaphethelweni ethemu.
- Tshela abafundi bacabange ngendaba yabo abayithanda kakhulu.
- Bachazele ukuthi bazoya kuwe bazokuxoxela indaba.

Imibandela

Tshela abafundi ukuthi ngenkathi bexoxa indaba, kufanele:

- Baxoxe indaba ngokulandelana kwezigameko: ayibe nesiqalo, imaphakathi kanye nesiphetho.
- Basho izinto kanye: bangaphindaphindi asebekushilo
- Bayakwazi abazokusho: bazilolongele ukuxoxa indaba

Ukwenza

- Nikeza abafundi imizuzwana embalwa bacabange ngezindaba zabo.
- Bavumele baguquke bakhulume bese bexoxela umlingani indaba yabo.
- Tshela abafundi badwebe isithombe esilebuliwe sengxeye yendaba, njengoba usalalele abanye abafundi.
- Biza abafundi ngamunye ngamunye bazokuxoxela indaba yabo abayithanda kakhulu.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubrikhi elandelayo.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Isakhiwo nokulandelanisa kahle izinto	Umfundi uxoxa ngezingxenye ezincane zendaba ngoku-zenzakalelayo ngokunga-zilandelanisi kahle izehlakalo. Isiqalo, imaphakathi nesiphetho akucacile.	Umfundi uxoxa ngezingxenye ezithile zendaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo, kodwa ufaka kakhulu noma kancane imininingwane. Isiqalo, imaphakathi nesiphetho kucacile kancane.	Umfundi uxoxa cishe yonke indaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo. Isiqalo, imaphakathi nesiphetho kucacile.	Umfundi uxoxa indaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo. Isiqalo, imaphakathi nesiphetho kucacile futhi kuyathandeka.
Ukusholela	Umfundi uvame ukuma, angabaze futhi aphindaphinde amagama noma ibinzana lamagama.	Umfundi ngezinye izikhathi uyama, angabaze futhi aphindaphinde amagama noma ibinzana lamagama.	Umfundi uxoxa indaba ngokugeleza, ngesinye isikhathi uyama, angabaze noma aphindaphinde amagama noma ibinzana lamagama.	Umfundi uxoxa indaba ngokugeleza nangoku-zethemba, ngaphandle kokuma, ukungabaza noma ukuphindaphinda amagama noma ibinzana lamagama.



Imisindo

Wenza amagama anonkamisa abafishane

Umsebenzi

- Yenza lokhu ngeSonto 7 ngesikhathi SokuFunda NgamaQembu OkuLawulwayo.
- Sebenzisa umsebenzi 'Yakha amagama' ekhasini 51 eNcwadini Eziyisisekelo Sokufunda.
- Tshela abafundi ukuthi kufanele bakhe amagama amaningi ngokungenzeka emizuzuwini emi-5.
- Qoqa izincwadi zabo uzimake ubale amagama akhiwe ngokufanele.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa imemorandamu elandelayo.

IMemorandamu / Izimpendulo

Nikeza abafundi amamaki kufike kuma-20 njengokulandelayo:

- Imaki eli-1 igama ngalinye elibhalwe ngokufanele.
- Sebenzisa ithebula lokuguqula elingezansi ukuguqulela esigabeni.

Inombolo yamagama abhalwe kahle	IZINGA
1 – 5	1
6 – 10	2
11 – 15	3
16 – 20	4



Ukufunda

Ufundela phezulu encwadini esezingeni lakhe.

Usebenzisa amagama avamile, imisindo, namakhono okudikhoda akulokho okujwayelekile nokusohlakeni lokuhlaziya.

Ufunda ngokushelala okungezekile nangokukhombisa imizwa.

Umsebenzi

- Lokhu kungenziwa ngeSonto 7 noma ngeSonto 8.
- Ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu OkuLawulwayo biza ilunga ngalinye leqembu ukuba lize kuwe lizofunda.
- Cela umfundi afunde omunye wale mibhalo yoku 'funda kuzwakale' elandelayo eNcwadini Eziyisisekelo Sokufunda: ikhasi 52, ikhasi 59.

Ukwenza

- Biza abafundi ngamunye bazokufundela kuzwakale.
- Sebenzisa ithebula lokuguqula elingezansi ukuguqulela esigabeni.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Amakhono okudikhoda	Umfundi udinga ukwesekwa okuningi ngemisindo kusuka kuthisha ukuze afunde igama angalazi. Umfundi unobunzima ukuhlukanisa amagama ngamalunga noma ngemisindo.	Umfundi uyazama ukusebenzisa imisindo ukufunda amagama angawazi kodwa udinga ukwesekwa uthisha. Umfundi uyakwazi ukuhlukanisa amagama ngamalunga nangemisindo esekwa uthisha.	Umfundi usebenzisa imisindo nokuphula ngamalunga ukuphimisa amagama angawazi kodwa elokhu edinga usizo ukuhlanganisa imisindo ukwenza igama.	Umfundi usebenzisa imisindo nokuphula ngamalunga ukuphimisa amagama angawazi kanti uyakwazi ukulokhu ehlanganisa imisindo ukwenza igama.
Amagama avame kakhulu	Umfundi wazi ambalwa amagama avame kakhulu.	Umfundi wazi amanye amagama avame kakhulu.	Umfundi wazi amaningi amagama avame kakhulu.	Umfundi wazi onke amagama avame kakhulu afundisiwe.
Ngokushelela nokukhombisa imizwa	Umfundi uba namakhefana, weqa amagama futhi ufunda abale amagama. Umfundi akanakekeli indlela yokuziveza.	Umfundi ufunda umbhalo omningi ngokubala amagama. Umfundi unokuncane noma akanakho ukunakekela indlela yokuziveza.	Umfundi ufunda umbhalo omningi ngokushelelayo enakho ukukhombisa imizwa.	Umfundi ufunda umbhalo ngokushelelayo ekhombisa kahle imizwa.



Ukuqondisisa

Uphendula imibuzo esobala.

Uyahlawumbisela.

Ubeka izehlakalo ngokulandelana okufanele.

Ukwenza iziphetho.

Umsebenzi

- Lokhu kungenziwa nganoma yisiphi isikhathi kusuka eSontweni 4 kuya eSontweni 7.
- Sebenzisa indaba eseQoqweni leziNdaba esesontweni eledlule.
- Hlalisa ikilasi lizinze ukuze lenze umsebenzi obhalwayo.
- Bese, ubiza abafundi ngamunye beze edeskini lakho bazokwenza isivivinyo.
- Cela abafundi baphendule 1–2 komunye walezi nhlobo ezilandelayo zemibuzo mayelana nombhalo:

Imibuzo Esobala mayelana neMininingwane.

1. Ngubani...?
2. Yini...?
3. Nini...?
4. Kanjani...?
5. Kuphi...?

Hlawumbisela

1. Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ngokulandelayo? Kungani?
2. Ucabanga ukuthi indaba izophetha kanjani? Kungani?

Landelanisa

1. Kwenzekeni ekuqaleni kwendaba?
2. Kwenzekeni ekugcineni kwendaba?
3. Kwenzekani ekuqaleni ngemuva...?
4. Kwenzekeni kuqala: noma...?

Iziphetho

1. Yini ongaphetha ngayo mayelana... kusukela...?
2. Ucabanga kanjani...?
3. Kungani ucabanga...?

Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubriki elandelayo.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Imibuzo Esobala mayelana neMininingwane.	Umfundi unobunzima ukukhumbula noma yimuphi umniningwane endabeni, noma esequgquzelwa.	Umfundi ukhumbula ngokufanele eminye imininingwane endabeni, elokhu equgquzelwa.	Umfundi uyikhumbula kahle imininingwane eminingi esendabeni, uma ekhuthazwa kokunye.	Umfundi ukhumbula kahle yonke imininingwane esendabeni uma ekhuthazwa kokunye.
Ukuhlawumbisela	Umfundi unobunzima ukuhlawumbisela okunomqondo.	Umfundi uyakwenza ukuhlawumbisela okunomqondo esekwa uthisha.	Umfundi uyakwenza ukuhlawumbisela okunomqondo kodwa unobunzima ukucacisa impendulo.	Umfundi wenza ukuhlawumbisela okukahle futhi uyayicacisa impendulo.
Landelanisa	Umfundi unobunzima ukulandelanisa ngokufanele izehlakalo embhalweni, ngisho noma esekwa.	Umfundi uyakwazi ukulandelanisa ngokufanele izehlakalo embhalweni, esekwa.	Umfundi ulandelanisa kahle izigameko ezisembhalweni kodwa kumthatha isikhathi.	Umfundi ukwazi ukulandelanisa ngokufanele nangokushesha zonke izehlakalo embhalweni.
Ukuphetha	Umfundi unobunzima ukwenza iziphetho mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngisho noma esekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezinomqondo mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, esekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezinomqondo mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngaphandle kokwesekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezifanele mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngaphandle kokwesekwa.



Ukubhala ngesandla

Ukopisha futhi abhale imisho emifishane enakekela ukwakhiwa kwezinhlamvu ngokufanele.

Umsebenzi

- Kwenze lokhu sikhathi sonke kuthemu ngesikhathi sezifundo zokuBhala Ngesandla.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ngesikhathi sosifundo, hamba nxazonke ubheke ikhono labafundi lokubhala ngesandla.
- Qaphela ubukhoni bomfundi ngamunye bokwakha izinhlamvu ngokufanele, bokunaka usayizi nezikhala emagameni, nokubhala ngesivinini esikahle.
- Vivinya abafundi usebenzisa irubhriki elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukwakhiwa kwezinhlamvu	Umfundi uvame ukwehluleka ukukhumbula izindawo zokuqala ezilungile kanye nezindlela. Iningi lezinhlamvu azakhekanga noma azibhaliwe kahle.	Umfundi ngesinye isikhathi uyehluleka ukukhumbula indawo efanele yokuqala nendlela. Ezinye izinhlamvu azakhekanga noma azibhaliwe kahle.	Umfundi uyayazi indawo efanele yokuqala nendlela. Izinhlamvu zibumbeke kahle kodwa kufanele kuqashelwe ubunono.	Umfundi uyayazi indawo efanele yokuqala nendlela. Izinhlamvu ezincane zakheke kahle nangobunono.
Ukukopisha imisho	Umfundi ubhala kancane futhi unenkinga yokuqedela imisho. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama akuhambisani.	Umfundi uyayiqedela imisho kodwa kunamaphutha. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama kwesinye isikhathi akuhambisani.	Umfundi uqedela imisho ngaphandle kwamaphutha. Ubungako nokwehlukani swa kwamagama kaningi kuyahambisana.	Umfundi uqedela imisho ngaphandle kwamaphutha. Ubungako nezikhala phakathi kwamagama abuguquki.




Ukubhala

Ubhala imisho emi-3 ngezindaba zakhe esebenzisa imisindo efundiwe, amagama avamile, osonhlamvukazi nongqi.


Umsebenzi

- Yenza lokhu ngesikhathi sezifundo zokuBhala ngeSonto 4.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ekugcineni kwesifundo sangoLwesihlanu, qoqa izincwadi zabafundi uyozihlola.
- Vivinya abafundi usebenzisa irubhriki elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukuzicabangela	Umbono kunzima ukuwuqonda noma akuwona owangempela - kukopishwe isibonelo sikathisha.	Umbono uyaqondakala futhi owangempela, noma ucishe ufane nesibonelo.	Umbono owokuziqambela futhi owangempela.	Umbono owokuziqambela, owangempela futhi unobuciko.
Uhlaka lomusho	Umfundi wenza amaphutha ama-3 noma ngaphezulu ahlobene nohlaka lomusho.	Umfundi wenza amaphutha ama-2 ahlobene nohlaka lomusho.	Umfundi wenza iphutha eli-1 elihlobene nohlaka lomusho.	Umfundi ubumba yonke imisho ngohlaka olufanele.
Ubude	Umfundi uyazama ukubhala umusho o-1, kodwa awuphelele.	Umfundi ubhale umusho o-1 ophelele.	Umfundi ubhale imisho emi-2 ephelele.	Umfundi ubhale imisho emi-3 ephelele.
Izimpawu zokubhala	Umfundi unobunzima ukusebenzisa osonhlamvukazi nongqi ngokufanele, ngisho esekwa.	Umfundi usebenzisa osonhlamvukazi nongqi ngokufanele, kodwa usenobunzima kwezinye izimpawu.	Umfundi uvamile ukusebenzisa zonke izimpawu ezifundisiwe ngokufanele.	Umfundi uzisebenzisa kaningi zonke izimpawu ezifundisiwe ngokufanele.



ITHEMU 2



Izivivinyo zoFMS zeThemu 2

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.2.A

Ikhophi kaThisha

Imisindo engama-60 / Imizuzwana engama-60

d	C	O	u	M	n	I	a	b	F	10
q	p	k	j	S	i	T	e	N	M	20
c	I	E	J	K	n	A	m	d	b	30
w	O	U	z	r	v	K	M	x	y	40
R	w	Z	s	t	Y	u	v	W	P	50
xh	P	qh	Q	C	dl	hl	H	N	gq	60

NHLRP FMS									
Ulimi: isiZulu									
Isivivinyo 2.2.A									
Ikhophi yoMfundisi									
d	C	o	u	M	n	I	a	b	F
q	p	k	j	S	i	T	e	N	M
c	I	E	J	K	n	A	m	d	b
w	O	U	z	r	v	K	M	x	y
R	w	Z	s	t	Y	u	v	W	P
xh	P	qh	Q	C	dl	hl	H	N	gg

NHLRP FMS										
Ulimi: isiZulu										
Isivivinyo 2.2.B										
Ikhophi kaThisha										
Amagama angama-60 / Imizuzwana engama-60										
ibhasi	ibheshu	ubuhle	ikhala	ikhekhe	ubukhulu	ingulube	ingelosi	indelelo	indawo	10
isikhathi	ikhiwane	ncoma	celisa	culela	indwangu	imidwebo	kalelwa	lindela	bizwa	20
khululeka	khahlela	dlalela	hlikihla	hlohlela	isidleke	imidlalo	valela	fihla	funa	30
amakhasi	thethelela	thikameza	thumela	thathelela	thwalela	indwendwe	xwayani	ncamela	nciphisa	40
khokhobela	hlahlela	khophozela	khawula	fudumeza	buka	fihla	hlina	kipha	khuza	50
inkosana	imindeni	injabulo	ncishana	induku	ukuhlela	hleleka	ekolishi	ugwadule	gwazela	60

NHLRP FMS Ulimi: isiZulu Isivivinyo 2.2.B Ikhophi yoMfundi									
ibhasi	ibheshu	ubuhle	ikhala	ikhekhe	ubukhulu	ingulube	ingelosi	indelelo	indawo
isikhathi	ikhiwane	ncoma	celisa	culela	indwangu	imidwebo	kalelwa	lindela	bizwa
khululeka	kahlela	dlalela	hlikihla	hlohlela	isidleke	imidlalo	valela	fihla	funa
amakhasi	thethelela	thikameza	thumela	thathelela	thwalela	indwedwe	xwayani	ncamela	nciphisa
khokhobela	hlahlela	khophozela	khawula	fudumeza	buka	fihla	hlina	kipha	khuza
inkosana	imindeneni	injabulo	ncishana	induku	ukuhlela	hleleka	ekolishi	ugwadule	gwazela

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.2.C

Ikhophi kaThisha

Iziqephu zokufunda / Imizuzuwana engama-60 & eyi-180

Kwase kuyisikhathi sokuthatha uhambo oluya esiqiwini.	5
“Asambeni siye esiqiwini!” kusho umama.	6
“Yebo!” kusho izingane.	11
“Ngizoshayela uma siya khona,” kusho ubaba.	14
“Yebo!” kusho izingane.	20
Lapho befika esiqiwini, bahamba bayobona izinkawu. Kwakukhona uhlobo lwemfene enkulu. Kwakukhona imfene enhle.	23
Kwakukhona futhi inkawu enezihlathi ezibomvu.	28
Ngokulandelayo, bahamba bayobona ingwenya enkulu. Yayinkulu futhi iluhlaza.	32
Lalisechibini elinezinhlanzi. “Leya ngwenya ingithusile!” kusho umama.	36
“Ngiyayithanda!” kusho enye yezingane.	40
“Ngicabanga ukuthi ingwenya ejabulisayo,” kusho ubaba.	43
Base beyobona inkawu. Yayilele phezulu esihlahleni.	48
“Yinhle le nkawu!” kusho uMama.	52
“Ngiyayithanda!” kusho enye yezingane.	55
“Iyalala futhi ihamba kancane,” kusho ubaba.	59

Kwafika isikhathi sokudla isidlo sasemini.	91
“Ngilambile!” kusho uMama.	94
“Nathi,” kusho izingane.	97
“Ngingadla ingwenya!” kusho ubaba.	101
Lapho beyothola ukudla kwasemini, ipigogo	106
lagijima langena endleleni.	109
“Ngiyalithanda lelo pigogo!” kusho uMama.	114
“Ngicabanga ukuthi kuyinhlanhla!” kusho	118
ubaba.	119

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.2.C

Ikhophi yoMfundi

Kwase kuyisikhathi sokuthatha uhambo oluya esiqiwini.

“Asambeni siye esiqiwini!” kusho umama.

“Yebo!” kusho izingane.

“Ngizoshayela uma siya khona,” kusho ubaba.

“Yebo!” kusho izingane.

Lapho befika esiqiwini, bahamba bayobona izinkawu. Kwakukhona uhlobo lwemfene enkulu. Kwakukhona imfene enhle.

Kwakukhona futhi inkawu enezihlathi ezibomvu.

Ngokulandelayo, bahamba bayobona ingwenya enkulu. Yayinkulu futhi iluhlaza. Lalisechibini elinezinhlanzi. “Leya ngwenya ingithusile!” kusho umama.

“Ngiyayithanda!” kusho enye yezingane.

“Ngicabanga ukuthi ingwenya ejabulisayo,” kusho ubaba.

Base beyobona inkawu. Yayilele phezulu esihlahleni.

“Yinhle le nkawu!” kusho umama.

“Ngiyayithanda!” kusho enye yezingane.

“Iyalala futhi ihamba kancane,” kusho ubaba.

Kwafika isikhathi sokudla isidlo sasemini.

“Ngilambile!” kusho umama.

“Nathi,” kusho izingane.

“Ngingadla ingwenya!” kusho ubaba.

Lapho beyothola ukudla kwasemini, ipigogo lagijima langena endleleni.

“Ngiyalithanda lelo pigogo!” kusho umama.

“Ngicabanga ukuthi kuyinhlanhla!” kusho ubaba.



NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.2.D

Ikhophi kaThisha

Imibuzo emi-4 yokugondisisa yomlomo

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

1. Wathatha uhambo oluya kuphi umndeni?

Answer: Umndeni wathatha uhambo oluya esiqiwini.

Uhlobo lwemibuzo: UkuLandwa koLwazi oluBonakalayo

2. Ubaba wathi angadla ____?

Answer: Ubaba wathi angadla ingwenya.

Uhlobo lwemibuzo: UkuPhetha okuQondile

3. Bazizwa kanjani abantwana ngokuya esiqiwini?

Model answer: Bazizwa bejabulile ngoba bathi “Yebo!”

Uhlobo lwemibuzo: UkuHlaziya nokuCubungula

4. Yisiphi isilwane ocabanga ukuthi umndeni usithande kakhulu? Nikeza incazelo yempendulo yakho?

Model answer: Umndeni uthande ipigogo kakhulu ngoba lihle, liyathandeka futhi lifike lama phambi kwabo.



Ifomu lokuHlaziya leThemu 2

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

iBanga 2 ITHEMU 2

Ifomu lokuHlaziya

Imisindo 2.2.A	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba	Amagama 2.2.B	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba
d			w		
C			O		
o			U		
u			z		
M			r		
n			v		
l			K		
a			M		
b			x		
F			y		
q			R		
p			w		
k			Z		
j			s		
S			t		
i			Y		
T			u		
e			v		
N			W		
M			P		
c			xh		
I			p		
E			qh		
J			Q		
K			C		
n			dl		
A			hl		
m			H		
d			N		
b			gq		

IBANGA 2 | IFOMU LOKUHLAZIYA LETHEMU 2

NHLRP FMS

Language: isiZulu

iBanga 2 ITHEMU 2

Ifomu lokuHlaziya liyaqhubeka

Imisindo 2.2.A	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba	Amagama 2.2.B	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba
w			amakhasi		
O			thethelela		
U			thikameza		
z			thumela		
r			thathela		
v			thwalela		
K			indwangu		
M			xwayani		
x			ncamela		
y			nciphisa		
R			khokhobela		
w			hlahlela		
Z			khophozela		
s			khawula		
t			fudumeza		
Y			buka		
u			fihla		
v			hlina		
W			khipha		
P			khuza		
xh			inkosana		
P			imindeni		
qh			indelelo		
Q			ncishana		
C			indwedwe		
dl			ukuhlela		
hl			hleleka		
H			ekolishi		
N			ugwadule		
gq			gwazela		



Uhlelo Lokuhlola

iBanga 2 ITHEMU 2

I-ATP Ebuyekeziwe ihlinzeka ngoHlobo Olusekelwe Esikoleni (SBA) lwethemu ngayinye. Ngokwalokhu, la makhono nemiqondo elandelayo kufanele kuhlolwe kuThemu 2:

ISAKHI	IMISEBENZI
 Ukulalela nokukhuluma	Ukulela izindaba nezinkondlo futhi uyawubona umbono oyinhloko, imininingwane nokulandelana kwendaba.
 Imisindo	n/a Wakha amagama anezinhlamvu ezi-3, ezi-4 nezi-5 esebenzisa onggwaqa abahlanganisiwe abafundiswe kuleli themu.
 UkuFunda nokuQondisisa	Ufundela phezulu encwadini esezingeni lakhe. Usebenzisa amagama avamile, imisindo, namakhono okudikhoda akulokho okujwayelekile nokusohlakeni lokuhlaziya. Ufunda ngokushelela okungezekile nangokukhombisa imizwa. Uphendula imibuzo esobala. Uyahlawumbisela. Ubeka izehlakalo ngokulandelana okufanele. Ukwenza iziphetho.
 Ukubhala ngesandla	Ubhala zonke izinhlamvu ezincane nosonhlamvukazi ngokuhlukanisa ngokuzethemba nangokucophelela. Ushiya izikhala ezifanele phakathi kwamagama.
 Ukubhala	Ubhala umbhalo obonisa imizwa enjengamakhadi okubonga noma incwadi. Uzibhalela indaba okungenani isigaba esi-1 (imisho emi-5) esebenzisa uhlaka lokubhala.

ISIBONELO SEMISEBENZI YOKUHLOLA

- Le misebenzi yokuhlola yenzelwe ukuba ingxenye ye-NHLRP.
- Lapho kufaneleke khona, izivivinyo ze-NHLRP zoFMS ziyafakwa zibe yingxenye yohlelo lokuhlola.
- Le misebenzi yokuhlola ingasetshenziswa injalo noma yenziwe ihambisane nezidingo zeSifunda.



Ukulalela nokukhuluma

Ulalela izindaba nezinkondlo futhi uyawubona umbono oyinhloko, imininingwane nokulandelana kwendaba.

Umsebenzi

- Yenza lokhu ngeSonto 5 noma 6 ngenkathi yokuFunda ngamaQembu OkuLawulwayo.
- Bizela abafundi ngamunye edesini lakho.
- Buza umfundi ngamunye imibuzo elandelayo mayelana neSonto 4 Indaba eseQoqweni lezindaba: UKya usebenzisa izikrini.

Ukuhlonzwa komqondo osemqoka

Imibuzo:

- Ucabanga ukuthi le ndaba imayelana nani?
- Yini oyifundile kule ndaba?

Izimpendulo:

- Akufanele sichithe isikhathi eside ezikrinini.
- Kufanele senze isikhathi somndeni nabangani.
- Uma sichitha isikhathi eside ezikrinini, silahlekelwa izipiliyoni ezinhle eziningi.

Ukukhumbula imininingwane.

Imibuzo:

- Ubani owayefuna ukuba uSinakho abhake?
- Ubani owayefuna ukuba uSinakho adlale ibhola lezinyawo?
- Ubani owayefuna ukuzwa mayelana nesonto likaSinakho?

Izimpendulo:

- UMama wayefuna ukuba uSinakho abhake.
- USapho wayefuna ukuba uSinakho adlale ibhola lezinyawo.
- UGogo wayefuna ukuzwa mayelana nesonto likaSinakho.

Ukulandelana kwezehlakalo.

Imibuzo:

- Wasebenzisa umakhalekhukhwini kabani uSinakho okokuqala, okwesibili nokokugcina?

Izimpendulo:

- USinakho wasebenzisa umakhalekhukhwini kaGogo kuqala.
- USinakho wasebenzisa umakhalekhukhwini kaMama okwesibili.
- USinakho wasebenzisa umakhalekhukhwini kaBaba okwesithathu.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubriki elandelayo.

IRUBRIKI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukuhlonzwa komqondo osemqoka	Ubunzima bokunikeza impendulo eyodwa efanele ngaphandle kokusekelwa nguthisha.	Umfundi unikeza impendulo e-1 efanele.	Umfundi unikeza izimpendulo ezi-2 ezifanele.	Umfundi unikeza izimpendulo ezi-3 ezifanele.
Ukukhumbula imininingwane.	Ubunzima bokunikeza impendulo eyodwa efanele ngaphandle kokusekelwa nguthisha.	Umfundi unikeza impendulo e-1 efanele.	Umfundi unikeza izimpendulo ezi-2 ezifanele.	Umfundi unikeza izimpendulo ezi-3 ezifanele.
Ukulandelana kwezehlakalo.	Ubunzima bokunikeza impendulo eyodwa efanele ngaphandle kokusekelwa nguthisha.	Umfundi unikeza impendulo e-1 efanele.	Umfundi unikeza izimpendulo ezi-2 ezifanele.	Umfundi unikeza izimpendulo ezi-3 ezifanele.



Imisindo

n/a

Wakha amagama anezinhlamvu ezi-3, 4 nezi-5 esebenzisa onggwaqa abahlanganisiwe abafundiswe kuleli themu.

- Njalo ngoLwesihlanu lwamaSonto 2-7, abafundi baqedela umsebenzi woKwakha Amagama otholakala eNcwadini yokuFunda eYisisekelo.
- Ekugcineni kwezifundo zangoLwesihlanu, qoqa izincwadi zabafundi ukuze zihlolwe.
- Vivinya abafundi usebenzisa irubhriki elandelayo.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Inani lamagama alungile akhiwe esontweni ngalinye	Ngokwesi-linganiso, umfundi wakha amagama angu 0–3 esontweni ngalinye.	Ngesilinganiso, umfundi wakha amagama ama-4–6 isonto ngalinye.	Ngesilinganiso, umfundi wakha amagama ayisi-7–9 isonto ngalinye.	Ngesilinganiso, umfundi wakha amagama ayi-10 nangaphezulu isonto ngalinye.
n/a	n/a	n/a	n/a	n/a
Ukusebenzisa ongwaqa abahlanganisiwe	Umfundi uyakubalekela ukwakha amagama anongwaqa abahlanganisiwe.	Umfundi uyakwazi ukwakha amagama anongwaqa abahlanganisiwe.	Umfundi ukwazi kahle ukwakha amagama anongwaqa abahlanganisiwe.	Umfundi ukwazi ngokuvelele ukwakha amagama anongwaqa abahlanganisiwe.



Ukufunda

Ufundela phezulu encwadini esezingeni lakhe.

Usebenzisa amagama avamile, imisindo, namakhono okudikhoda akulokho okujwayelekile nokusohlakeni lokuhlaziya.

Ufunda ngokushelela okungezekile nangokukhombisa imizwa.

Umsebenzi

- Lokhu kungenziwa ngeSonto 7 noma ngeSonto 8.
- Ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu OkuLawulwayo biza ilunga ngalinye leqembu ukuba lize kuwe lizofunda.
- Cela umfundi ukuba afunde umbhalo 'wokuFunda Kuzwakale' wangoLwesihlanu lweSonto 6 noma 7 eNcwadini yokuFunda eYisisekelo.

Ukwenza

- Biza abafundi ngamunye bazokufundela kuzwakale.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubrikhi elandelayo.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Amakhono okudikhoda	Umfundi udinga ukwesekwa okuningi ngemisindo kusuka kuthisha ukuze afunde igama angalazi. Umfundi unobunzima ukuhlukanisa amagama ngamalunga noma ngemisindo.	Umfundi uyazama ukusebenzisa imisindo ukufunda amagama angawazi kodwa udinga ukwesekwa uthisha. Umfundi uyakwazi ukuhlukanisa amagama ngamalunga nangemisindo esekwa uthisha.	Umfundi usebenzisa imisindo nokuphula ngamalunga ukuphimisa amagama angawazi kodwa elokhu edinga usizo ukuhlanganisa imisindo ukwenza igama.	Umfundi usebenzisa imisindo nokuphula ngamalunga ukuphimisa amagama angawazi kanti uyakwazi ukulokhu ehlanganisa imisindo ukwenza igama.
Amagama avame kakhulu	Umfundi wazi ambalwa amagama avame kakhulu.	Umfundi wazi amanye amagama avame kakhulu.	Umfundi wazi amaningi amagama avame kakhulu.	Umfundi ufunda amagama amaningi ngokungahixizi.
Ngokushelela nokukhombisa imizwa	Umfundi uba namakhefana, weqa amagama futhi ufunda abale amagama. Umfundi akanakekeli indlela yokuziveza.	Umfundi ufunda umbhalo omningi ngokubala amagama. Umfundi unokuncane noma akanakho ukunakekela indlela yokuziveza.	Umfundi ufunda umbhalo omningi ngokushelelayo enakho ukukhombisa imizwa.	Umfundi ufunda umbhalo ngokushelelayo ekhombisa kahle imizwa.



Ukuqondisisa

Uphendula imibuzo esobala.

Uyahlawumbisela.

Ubeka izehlakalo ngokulandelana okufanele.

Ukwenza iziphetho.

Umsebenzi

- Lokhu kungenziwa nganoma yisiphi isikhathi kusuka eSontweni 4 kuya eSontweni 7.
- Sebenzisa indaba eseQoqweni leziNdaba esesontweni eledlule.
- Hlalisa ikilasi lizinze ukuze lenze umsebenzi obhalwayo.
- Bese, ubiza abafundi ngamunye beze edeskini lakho bazokwenza isivivinyo.
- Cela abafundi baphendule 1–2 komunye walezi nhlobo ezilandelayo zemibuzo mayelana nombhalo:

Imibuzo Esobala mayelana neMininingwane.

1. Ngubani...?
2. Yini...?
3. Nini...?
4. Kanjani...?
5. Kuphi...?

Hlawumbisela

1. Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ngokulandelayo? Kungani?
2. Ucabanga ukuthi indaba izophetha kanjani? Kungani?

Landelanisa

1. Kwenzekeni ekuqaleni kwendaba?
2. Kwenzekeni ekugcineni kwendaba?
3. Kwenzekani ekuqaleni ngemuva...?
4. Kwenzekeni kuqala: noma...?

Iziphetho

1. Yini ongaphetha ngayo mayelana... kusukela...?
2. Ucabanga kanjani...?
3. Kungani ucabanga...?

Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubriki elandelayo.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Imibuzo Esobala mayelana neMininingwane.	Umfundi unobunzima ukukhumbula noma yimuphi umniningwane endabeni, noma eseqququzelwa.	Umfundi ukhumbula ngokufanele eminye imininingwane endabeni, elokhu egququzelwa.	Umfundi ukhumbula ngokufanele imininingwane eminingi endabeni.	Umfundi ukhumbula ngokufanele yonke imininingwane eminingi endabeni.
Ukuhlawumbisela	Umfundi unobunzima ukuhlawumbisela okunomqondo.	Umfundi uyakwenza ukuhlawumbisela okunomqondo esekwa uthisha.	Umfundi uyakwenza ukuhlawumbisela okunomqondo kodwa unobunzima ukucacisa impendulo.	Umfundi wenza ukuhlawumbisela okukahle futhi uyayicacisa impendulo.
Landelanisa	Umfundi unobunzima ukulandelanisa ngokufanele izehlakalo embhalweni, ngisho noma esekwa.	Umfundi uyakwazi ukulandelanisa ngokufanele izehlakalo embhalweni, esekwa.	Umfundi ulandelanisa kahle izigameko ezisembhalweni kodwa kumthatha isikhathi.	Umfundi ukwazi ukulandelanisa ngokufanele nangokushesha zonke izehlakalo embhalweni.
Ukuphetha	Umfundi unobunzima ukwenza iziphetho mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngisho noma esekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezinomqondo mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, esekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezinomqondo mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngaphandle kokwesekwa.	Umfundi wenza iziphetho ezifanele mayelana nomlingiswa noma izehlakalo endabeni, ngaphandle kokwesekwa.



Ukubhala ngesandla

Ubhala zonke izinhlamvu ezincane nosonhlamvukazi ngokuhlukanisa ngokuzethemba nangokucophelela.

Ushiya izikhala ezifanele phakathi kwamagama.

Umsebenzi

- Kwenze lokhu sikhathi sonke kuthemu ngesikhathi sezifundo zokuBhala Ngesandla.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ngesikhathi sosifundo, hamba nxazonke ubheke ikhono labafundi lokubhala ngesandla.
- Qaphela ubukhoni bomfundi ngamunye bokwakha izinhlamvu ngokufanele, bokunaka usayizi nezikhala emagameni, nokubhala ngesivinini esikahle.
- Vivinya abafundi usebenzisa irubhriki elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukwakhiwa kwezinhlamvu	Umfundi uvame ukwehluleka ukukhumbula izindawo zokuqala ezilungile kanye nezindlela. Iningi lezinhlamvu azakhekanga noma azibhaliwe kahle.	Umfundi ngesinye isikhathi uyehluleka ukukhumbula indawo efanele yokuqala nendlela. Ezinye izinhlamvu azakhekanga noma azibhaliwe kahle.	Umfundi uyayazi indawo efanele yokuqala nendlela. Izinhlamvu zibumbeke kahle kodwa kufanele kuqashelwe ubunono.	Umfundi uyayazi indawo efanele yokuqala nendlela. Izinhlamvu ezincane zakheke kahle nangobunono.
Isikhala phakathi kwamagama	Ukushiywa kwezikhala emagameni akufani futhi izikhala zinkulu noma zincane.	Ukushiywa kwezikhala emagameni kwesinye isikhathi akufani futhi / noma izikhala zinkulu noma zincane.	Ukushiywa kwezikhala emagameni kuvame ukungafani noma kukhulu noma kuncane.	Ukushiywa kwezikhala emagameni kuhle kakhulu.



Ukubhala

Ubhala umbhalo obonisa imizwa enjengamakhadi okubonga noma incwadi. Uzibhalela indaba okungenani isigaba esi-1 (imisho emi-5) esebenzisa uhlaka lokubhala.

Umsebenzi 1

- Yenza lokhu ngesikhathi sezifundo zokuBhala ngeSonto 4.
- Sebenzisa izifundo ezihlinzekwe kuHlelo lokuFundisa kuNHLRP ukuba abafundi babhalele umngani incwadi noma ikhadi eliposwayo.
- Ekugcineni kwesifundo sangoLwesihlanu, qoqa izincwadi zabafundi uyozihlola.
- Vivinya abafundi usebenzisa irubhriki elandelayo.

Umsebenzi 2

- Yenza lokhu ngesikhathi sezifundo zokuBhala eSontweni 2 noma 3.
- Sebenzisa izifundo ezihlinzekwe kuHlelo lokuFundisa kuNHLRP ukuba abafundi babhale indaba elingana okungenani nesigaba esi-1 besebenzisa uhlaka lokubhala.
- Ekugcineni kwesifundo sangoLwesihlanu, qoqa izincwadi zabafundi uyozihlola.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Isigaba esiqanjwe ngempela.	Umbono kunzima ukuwugonda noma akuwona owangempela – kukopishwe isibonelo sikathisha.	Umbono uyaqondakala futhi owangempela, noma ucishe ufane nesibonelo.	Umbono owokuziqambela futhi owangempela.	Umbono owokuziqambela, owangempela futhi unobuciko.
Uhlaka lomusho	Umfundi wenza amaphutha ama-3 noma ngaphezulu ahlobene nohlaka lomusho.	Umfundi wenza amaphutha ama-2 ahlobene nohlaka lomusho.	Umfundi wenza iphutha eli-1 elihlobene nohlaka lomusho.	Umfundi ubumba yonke imisho ngohlaka olufanele.
Ubude	Incwadi nesigaba kokubili kufishane futhi akuphelele.	Incwadi noma isigaba kufishane noma akuphelele.	Incwadi nesigaba kokubili kuphelele kodwa kunolunye lwezingcezu olufishane.	Incwadi nesigaba kokubili kuphelele futhi kude ngokufanele.
Izimpawu zokubhala	Umfundi unobunzima ukusebenzisa osonhlamvukazi nongqi ngokufanele, ngisho esekwa.	Umfundi usebenzisa osonhlamvukazi nongqi ngokufanele, kodwa usenobunzima kwezinye izimpawu.	Umfundi uvamile ukusebenzisa zonke izimpawu ezifundisiwe ngokufanele.	Umfundi uzisebenzisa kaningi zonke izimpawu ezifundisiwe ngokufanele.
Ukusetshenziswa kweziphawulo	Umfundi unobunzima ukufaka iziphawulo emushweni.	Umfundi uke azifake kwesinye isikhathi iziphawulo ezifanele emushweni.	Umfundi ufaka iziphawulo ezifanele emushweni ngokulindelekile.	Umfundi ufaka iziphawulo ezithakazelisayo emushweni ngokulindelekile.



iBanga 2 Iphepha Lokurekhoda loFMS

[illegible]

IBANGA 2 | IBANGA 2 IPHEPHA LOKUREKHODA LOFMS**NHLRP FMS**

Language: isiZulu

iBanga 2

Iphepha Lokurekhoda loFMS: Ukufunda Amagama

[illegible]

IBANGA 2 | IBANGA 2 IPHEPHA LOKUREKHODA LOFMS[illegible]

